# Umqondisi wase-Oakbay ugwetshwe 10 weminyaka ebhadla ejele

**Tshwane, 8 kuZibandlela 2021 –** UKhomishana woPhiko Lwemisebenzi Yemalingeniso Eqoqwayo eNingizimu Afrika uMnu.Edward Kieswetter, usamukele isigwebo seminyaka eyi-10 kuMqondisi we-Oakbay Trading uMnu. DP Naik. UMnu. Naik walahlwa yicala lokukhwabanisa kanye nokuphula noMthetho we-Customs and Excise Act emva kokuba enze madokhumenti omgunyathi okukhipha impahla ezweni wabe esebuyisa ugwayi emakethe yaseNingizimu Afrika ngaphandle kokukhokha intela nentelo yokungenisa nokukhipha impahla ezweni.

UMnu. Naik wathi inkampani yawukhipha ugwayi yawusa eZambia. Le mpahla ekhishwe ezweni ibe isiphenywa kwatholakala ukuthi nembala ngumbombayi wempahla ekhishwe ezweni. Lobu bugebengu benziwa ukuze kugwenywe izintelo nentela ekhokhiswa emikhiqizweni kagwayi.

Watholakala enecala emacaleni amahlanu okukhwabanisa kanye nokuphula isigaba 80 (1) soMthetho Wentela Yempahla. Ngokobufakazi obethulwe phambi kweNkantolo yesiFunda yaseJohannesburg, uSARS ukhwabaniselwe imali engu-R18-million.

UMnu. Kieswetter uncome ithimba labaphenyi kanye nokubambisana koPhiko Lokushushisa Kuzwelonke (i-NPA) ngokuthi bakwazi ukulahla ngecala futhi bagwebe.

“USARS ubesho ephindelela ukuthi isikhungo sizokwenza kube nzima futhi kumbe eqolo kubakhokhintela nabahwebi abakhetha ukuphula umthetho futhi babukele phansi uyalelo kaSARS wokuqoqa imali engenayo.

“Sizimisele ngokulekelela labo bakhokhintela nabahwebi abafuna ukuthobela ngokuzithandela izibophezelo zabo ngokomthetho. Kuleminyaka eyedlule kusungulwe izinkundla zedijithali ukwenza kube lula kulabo bakhokhintela abanjalo ukuba bathobele.

“Lokhu kulahlwa ngecala nokugwetshwa kumele kuthumele umyalezo ocacile wokuthi uSARS ngeke akubekezelele ubugebengu obufana nalobu futhi uzokwenza konke okusemandleni ukulandela lezi zigila mkhuba,” kusho uMnu. Kieswetter.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane nathi ku Sarsmedia@sars.gov.za